**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMHLANGANWENI WONYAKA WE-KWANATACO ETHEKWINI MHLAKA 30 MARCH 2011.**

**Mphathi wohlelo;**
**IMeya yeTheku;**
**UMongameli weSANTACO;**
**Iphini likasihlalo we-KWANATACO;**
**I-Executive yeKWANATACO;**
**Ama-Executive ama-Region wonke;**
**Ubuholi bonke bemboni;**
**Abanikazi bamatekisi;**
**Abezindaba;**
**Bafowethu nodadewethu;**
**Ngiyanibingelela nonke.**

Siyabonga ukuthola leli thuba lokuba yingxenye yalo mhlangano wonyaka weKwaZulu-Natal Taxi Council (KWANATACO). Imihlangano enjengalona ihlale isinika ithemba ngekusasa embonini yokuthuthwa komphakathi.

Lo mhlangano uza ngemuva kokuba izolo besethula isabelo-mali soMnyango wezokuThutha kanye nowezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. esiShayamthetho sesifundazwe eMgungundlovu.

Kuwo womabili la mabhajethi sibugcizelele kakhulu ubudlelwane obuhle esibubona phakathi kukaHulumeni nemboni yamatekisi, saphinda sagcizelela nenqubekela phambili esibekhona ekuletheni ukuthula nozinzo kule mboni.

Namanje ngithanda ukugcizelela kule AGM ukuthi ngaphandle kweqhaza elibanjwe yinina njengeKWANATACO noma iSANTACO KwaZulu-Natal njengoba abanye besho kanjalo, ngabe kube nzima kakhulu ukunqanda isimo ebesidlebeleka esifundazweni sethu.

Ukubambisana phakathi kukaHulumeni nemboni akusagcini nje ngokuxazulula imibango phakathi kososeshini kuphela, kodwa sesibona nasezinhlelweni zikaHulumeni zokuya emiphakathini sekusebenza yona imboni yamatekisi ekuthutheni umphakathi oya kuleyo micimbi. Sikushayela ihlombe nokusebenza kwenu okugculisayo kulowo msebenzi.

Okunye futhi esikuqaphelayo manje ngukuthi imizamo kaHulumeni yokubambisana nemboni yamatekisi nabamabhasi amancane isiqalile ukuthela izithelo ezinhle. Kusithokozisile ukubona imboni yamatekisi ngomhlaka 2 kuNovember 2010 yethula umbono wayo owaziwa nge-iTR3 2020 Vision, ohlose ukubuyisela isithunzi, ukwakheka kabusha nokuyibeka ezingeni elifanelekile lokuba ikwazi ukudlala noma iyiphi indima ezinhlelweni zokuthuthukisa ezokuthuthwa komphakathi nokunika abanikazi bamatekisi ithuba lokungena nakweminye imikhakha yezokuthutha.

Siyazi futhi ukuthi njengemboni senikwazile ukusabela ikhwela elihlatshwe wuMnyango wezokuThutha esifundazweni ukuba nihlele izifunda zenu ngokulandela imingcele yezifunda zomasipala.

Siyajabula-ke ukuthi njengoba kuqala unyaka wezimali ngomhlaka 1 April sizobe sesinezifunda eziyishumi bese kuba iThekwini Metro eka-11. Lokhu kuzosiza uma sihlela ingqalasizinda yezokuthutha njengamarenki ngoba nomasipala bezifunda sebezokwazi ukuthi basebenze ne-region eqondene nabo ngezidingo zemboni.

Phela bekuyinkanankana nje ukuthi i-region eyodwa ibe nososeshini abangaphansi kwemikhandlu yezifunda ezimbili, kwenza kube nzima emkhandlwini ukufaka imali kwingqalasizinda kubantu okungebona abakho bonke.

Lokhu kuzosiza kakhulu futhi uhlelo lukaHulumeni lokudidiyela ndawonye ezokuthutha umphakathi, lapho uMnyango uzobambisana nomasipala ekuhleleleni ukusetshenziswa komhlaba. Lapha sifuna ukuqinisekisa ukuthi kukhulunywa ulimi olulodwa bese kugwemeka ukushayisana ikakhulukazi emkhakheni wezithuthi zomphakathi.

Lolu hlelo lokudidiyela seluqalile ukubonakala oLundi lapho sesakhe i-Integrated Intermodal Public Transport Facility ezophothulwa ngo-April kulo nyaka. Kukhona neyase-Estcourt ukulungiselelwa kwayo osekuphothuliwe manje. Sibheke ukuthi kulo nyaka ka-2011 senze okufanayo eMondlo naseMzimkhulu.

Ngabe ngenza elikhulu iphutha futhi uma ngingadlulisi ukubonga kwami embonini ngeqhaza elibambile engqungqutheleni ebesinayo ngempelasonto edlule ebidingida ngezokuphepha emigwaqeni yethu.

Le ngqungquthela umongo wayo obuthi ‘Activism against road carnages and transgressions’, iphume nezinqumo ezizosilekelela njengoMnyango noHulumeni waKwaZulu-Natal kuze kuyoshaya kuzwelonke ekutheni sakhe amasu okulwa nezingozi nokufa kwabantu emigwaqeni yethu.

Akudingi-ke namhlanje silokhu sisho ukuthi vele phela lingakanani igalelo elifakwa yimboni yamatekisi ezingozini zomgwaqo. Yinto leyo ekhulunywa zonke izinsuku.

Esikubongayo nje kunina ngukuthi nijoyine bonke abebebambe iqhaza kule ngqungquthela nisho nonke nithi ngokubambisana noMnyango nizokwakha i-Partnership Against Road Accidents.

Njengoba sibheke ePhasikeni nje ngenyanga ezayo, sifuna ukubona omkhulu umehluko emigwaqeni yethu ngemuva kwale ngqungquthela. Njengoba sonke sivumelana ngokuthi izingozi azenzeki kodwa ziyenziwa, sikholwa ngukuthi akekho ozovuma kube nguye okhonjwa ngenjumbane manje.

Siyaninxusa-ke ukuba niphume niyokhuluma nabashayeli benu nibazise ukuthi senizibophezele ngani. Sonke masibe ngamanxusa eqiniso okuphepha emgwaqeni.

Nathi njengoMnyango noHulumeni sizohlale silandela sibheka ukuthi esivumelene ngako engqungqutheleni kuyenzeka ngempela.

Ngalawo mazwi ngithi nginifisela umhlangano omuhle oyimpumelelo, ngithi okuxoxwayo lapha sengathi kungaba okuzoyisa imboni phambili egameni lezakhamizi zaKwaZulu-Natal.

**Ngiyabonga**